


7

# Epulazini





Sijabulile namuhla. Sivakashela ugogo  
epulazini.



**Ugogo unepulazi elikhulu. Unezilwane  
nezitshalo.**



**Ugogo uyajabula ukubona abazukulu  
bakhe.**




Bonani izikhukhukazi.  
Bonani amaqanda.  
Bonani amachwane.

Bonani izinkomazi.

Bonani ubisi.

Umkhulu uyasenga.





Bonani izinyosi.

Bonani uju.

Sizodla kamnandi.

Balekani!





Bonani izimvu.


Bonani izinyane elincane.

Kwaze kwamnandi epulazini!

8

## Ezitolo





Ngicela ungikhombise isitolo esikhulu.



Nasiya. Ngapheseya komgwaqo.

# Ngicela isinkwa.

## Sibiza malini?



Ngicela ubisi.  
Lubiza malini?






Ngicela impuphu.  
Ibiza malini?



Ngicela ikhabishi.  
Libiza malini?



Ngicela amaqanda.


Abiza malini?

Qaphela uma uphethe amaqanda.

q

## Sigubha amasiko ase-Afrika





Namuhla usuku Iwe-Afrika.  
Sigqoka izimpahla zamasiko ethu,  
siya esikoleni.




UNdi no-Annetjie bagqoke izingubo  
zamaVenda.



USindi noBheki bagqoke izingubo  
zamaZulu.




UTumi ugqoke ezamaXhosa, uTsepiso  
ugqoke ezabeSuthu.



U-Ann noGugu bagqoke  
ezabeTswana nezamaTsonga.



UVeronica wembethe ibhulankethe  
yamaNdebele. UDebs ugqoke ingubo  
yabaPedi. UTitus noMaggy bagqoke  
izingubo zamaBhunu.




Masidanseni  
sonke.

Amantombazane agqoke iziketi  
zamaZulu. Kumnandi e-Afrika!

10

## Usuku Iwezemidlalo





Namuhla usuku Iwezemidlalo.


Ilanga libalele. Siyagijima. Siyajuluka.



Sijabulile sonke.


Sicula kakhulu.

UJabu ugijima kakhulu.  
Ngigijima kancane. Ngikhathele.



# Sithanda ukugijima ngamasaka.





Sithanda ukweqa intambo.



Bhekani amafu,  
sengathi lizona.

Sithanda ukugxuma ibanga.



Seliyana. Sonke sigijimela eklasini.

11

## Indlu iyasha





**Awubheke; indlu iyasha! Masishayele  
isicishimlilo ku-LOI77.**



Intuthu engaka! Baphiabantu?

Nansi imoto ebomvu - isicishimlilo.  
Sizosisiza.



Abasizi baphuma ngokushesha.  
Bakhipha ithumbu. Bayagijima.





Ithumbu elide liyasiza. Abasizi  
bacima umlilo manje.



Nansi ne-ambulensi. Nangu unesi.  
Uzosiza umndeni.



Umcishimlilo usebenzile. Siyajabula.  
Umlilo ucimile.

12

## Amaholide ahlukene





UJabu no-Ann badla amanandinandi  
ngoKhisimuzi.




Baphiwa izipho zikaKhisimuzi.

UChintha ukhanyisa amalambu  
ngoDiwali.




# Uyaphinda udla amaswidi amnandi.





USelwyn ukhanyisa amakhandlela  
ayisi-9 ngeHanukka bese edla  
amaswidi nekhekhe.



UHasina noPeter badla amaswidi  
namakhekhe nge-Eid.



Ngethemba nijabulile, nigubhe kahle  
amaholide.